

**INKULUMO KAMPHATHISWA WEZEMPILO KWAZULU-NATAL, UDKT
DHLOMO, EMCIMBINI WOHLILO WOKULWISANA NOBUGEBENGU
NGEZEMIDLALO EHLOBANE, 15 SEPTEMBER 2017**

Mphathi Wohlelo;

IMeya kaMasipala womkhandlu iZululand, Cllr. Inkosi Mzamo Buthelezi;

IMeya kaMasipala AbaQulusi; Cllr G.M. Dlamini

Amakhosi aseNdlunkulu;

Amakhansela onke akhona;

IziNduna,

Abaphathi boMnyango Wezokuphepha nokuXhumanisa Umphakathi
beholwa, uMNuz. Mvuseni Mnqayi;

Ubuholi bama-Phoyisa

Ubuholi be-CFP

Ubuholi be-CPF Youth Desk

Ubuholi be-KZNCCPA

Umphakathi wonke;

Sanibonani;

Asibonge ukuba kulendawo yaseHlobane namhlanje sizogqugquzela intsha
ukuthi izibandakanye nezinhlelo zikaHulumeni zokulwisana nobugebengu
ngezemidlalo.

Siyakujabulela ukufika lapha eHlobane ngenyanga yamagugu. Lenyanga ibalulekile kithina ngoba isikhumbuza imvelaphi yethu nokuthi sibuyele emasisweni. Ukubuyela emasisweni kusho ukuthi kumele siqinisekise ukuthi Ubuntu buyabuyela emiphakathini yethu ukuze siqede isihlava sobugebengu.

Singuhulumeni sethweswe ijoka lokuqinisekisa ukuthi bonke abantu abakhele isifundazwe saKwaZulu-Natal bahlala bevikelekile futhi bephephile ngazo zonke izikhathi.

Mangithathe leli thuba ngibonge umsebenzi omuhle owenziwe amaphoyisa aseHlobane esebenza ngokubambisana ne Community Police Forum (CPF), Youth Desk kanye nabasebenzi boMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi bakulesifunda saseZululand ngokusebenza ngokuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi umphakathi waseHlobane uhlala uphephile.

Ihhovisi lami selithole imibiko eveza ngokusobala izinselelo ezibhekene nomphakathi waku le ndawo. Thina singuhulumeni singomabizwa asabele. Singuhulumeni obeka izidingo zabantu phambili ngaso sonke isikhathi. Futhi singuhulumeni onakekelayo, yingakho silapha namuhla.

Ngokombiko wamaphoyisa aseHlobane sibone kubalulekile ukuthi sisukume sibhukule angaze amanzi angene endlini. Ngokwalombiko, iningi lentsha lakule ndawo selilizinikele ophuzweni oludakayo nakwezinye izinhlobo zezidakamizwa, lokhu kufanele silwisane nakho ngokubambisana singu mphakathi, amaphoyisa kanye noHulumeni wesifundazwe.

Ukuqala kwabantu abasha ukuthi basebenzise futhi bazinikele kwizidakamizwa kuyinkomba yokuthi ubugebengu buyafufusa endaweni. Asingakuvumeli lokho kwenzeke lapha eHlobane. Masigqugquzele intsha ukuthi isebenzele ukuzakhela ikusasa eliqhakazile ngokuthi ingazibandakanyi ezidakamizweni kanye nasebugebengwini. Amalunga omphakathi kumele abeyisibonelo esihle entsheni ukuze kwakheke ikusasa eliqhakazile.

UMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi wasungula uhlelo lwezemidlalo lokulwisana nobugengu (Sports Against Crime). Inhloso ngqangi yalolu hlelo ukuqguquzela intsha ukuthi izimbandakanye kwezemidlalo nobuciko ukuze ingangeni ebugebengwini. Kungumsebenzi wethu singuHulumeni ukulekelela abantwana ukuthi bakwazi ukufeza wonke amaphupho kanye nezifiso zabo. Kepha kubalulekile ukuthi sisebenze ngokubambisa nomphakathi, amaphoyisa, osonhlalakahle kanye nazo zonke izinhlaka zomphakathi ezilwisana nobugebengu nezigquguzela ubumbano emiphakathini. Impela kuyiqiniso ukuthi **umuntu ungumuntu ngabantu**, masisukume sonke sakhe umbimbi lokulwisana nobugebengu. Ngokwenza njalo sizobe siqinisekisa ukuthi abantwana bethu baba nekusasa eliqhakazile. Lokho kuyoholela ekudlondlobaleni kwendawo yaseHlobane kuphinde kuvule amathuba okukhula komnotho namathuba emisebenzi endaweni.

UMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi unezinhlaka zokulwisana nobugebengu okubalwa iCPF Youth Desk, KZNCCPA kanye namaCommunity Safety Forum (CSF). Lezi zinhlaka zakhiwa ngamalunga omphakathi ngokusebenzisana noMnyango kanye namaphoyisa. Sinxenxa

umphakathi waseHlobane ukuba ubeyingxenye yalezi zinhlaka ukuze sinqobe ubugebengu.

Kumgumsebenzi wethu singumphakathi ukuqinisekisa ukuthi kukhona ukuthuthula, ukuphepha nobumbano ezindaweni esizakhele. Inhloso ngqangi yalolu hlelo lwanamuhla wuku:

- Nxusa umphakathi ikakhulukazi intsha ukuthi iziqhelelanise nokusebenzisa izidakamizwa;
- Ukugqugquzela ukuzibandakanya kwezemidlalo kanye nezamaciko;
- Ukuqinisa ubudlelwano phakathi komphakathi namaphoyisa ukulwa nobugebengu;
- Ukuqinisa ukusebenzisana phakathi kosomabhizinisi baseHlobane, uHulumeni kanye nomphakathi ukuze kukhule umnotho, nokuheha abanye abatshali zimali.
- Ukugqugquzela umphakathi ukuthi usebenzele ukuthula nokuphepha endaweni yeseHlobane.

SinguMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi siyathemba ukuthi lokhu esikwenza namuhla akuzophelela lapha, kepha sifisa kuqhubeke kubanjiswane kuliwe nobugebengu eHlobane.

Ngiyabonga.